Chunu history and custom

1b

K13/21

1/16

s491 (34) K13/21 F. Vilakazi

**Ixoxhwa uMayingaza 6eno Mfishane.**

1. **Ukumbelwa kofileyo Amachunu na6a Thembu**

Kuthi umakufe omunye emuntu emuzini kungashiwo ukuthi ufile kuthiwe usemukile usi6ani6ani. Sekuzothunywa izingane esezinsizwa kuyo6ikelwa izihlo6o ezikude neziseduzane. Kuzakuzwakala ngesililo kula6a a6aseduzane ukuthi sekushoniwe ka6ani. Sekuzosuka wonke umuntu useyo khala naye. Seku6a yisililo esikhulu impela. Kuzakuthi na6aphuma kude 6ezwakale ngokukhala nangokulandelana uma 6eya esililweni. Akuhanjwa isicemé kuyalandelwana. Kuzaku6onakala zonke izindlela amakhosikazi namadoda kulandelana kuyiwa kokhala. Umakuyohlwa kuhanjwa ekuseni kusempondozamthini.

2. Kuyaye kutshelwane, ukuthi kusasa siyo6ona ka6ani. A6ayizihlo6o ~~xx~~ 6ayangalelolanga eshonile. Mamuhla umbe 6ekude 6avuke ekuseni kakhulu 6enzele ukufika kuqala kuna6anye a6antu. Kuyekuthi uma se6engena lapho kushonwe khona 6ezwakale 6ekhala impela kakhulu izihlo6o. Kuzakuthi kanti na6alapho 6ekushonwe khona 6ese6ethule na6o 6ezwakale. Kuzekuphele ukulila. Kuthatha isikathi uku6a kuthulwe akhohlwe oshonile. A6azolila 6afike 6athi, "Asazi ukuthi sengathini wena wakwa6ani. Nathi sesizo bonga emuswaneni njengezi nkome". "Ufile". 6ese 6esho, nemise6enzi yomukileyo e6imihle. Kuzothi nofelwayo aphendule ngezinyembe

3. kukhalwe futhi, "Athi nami angazi ukuthi ngizo6ayini njengo6a lona oshonile u6esisiza kakhulu." Noma oshonile engelutho kuwusiko ku6antu ukumutusa oshonile. Noma wayeyi 6unguka kuyaye ku6ongwe, kukhalwe futhi.

Uma kuyolilwa kuyiwa komudala wakulowomuzi akukhalwa ezinganeni. Kuyekuthi uma kushone umunumzane owesifazane ahlale abeke emusamo ahlale othandane. Kuzakuthi a6afukeme naye 6amuphendulele kwa6a lilayo ngo6a yena uyakhala. Umakushoniwe omakhelwana 6ayamufukamisisa ofelwe 6alale khona aze ambelwe oshonile. La6o a6azofukamisa oshonelwe 6eza nokudla okuzodliwa

4. amadoda ekade embela oshonileyo nakade 6ekhona uma eseyolahlwa oshonileyo. Amadoda avuka ekuseni eyokumba. Amba igodi ilingashona

MEM /umuntu..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

umuntu emile ngo6a kwesatshwa a6athakathi ukuthi 6azomuvusa 6ambe ofile. Kuzothi umaselishona igodi noma ithuna ku6uyelwe emakhaya. Kuzakuthi mantambama seliyoshona ilanga kuphunywe nesidumbu soshonileyo. Kuyekusuke esikhulu isililo futhi lapho. Sekuyoze kufikwe khona emathuneni. Kuyaye kugcwale ngesikhathi kuyiwa emathuneni. Kuthi amadoda amuthwale ngohlaka oshonileyo esongwe ngezingu6o. Asazohamba phambili wona asalele amakhosikazi.

5. Akukhulunywa umakuyiwa emathuneni. Kuyaye kukhalwe isililo a6anye 6athule 6elusizi. Kuzakuthi uma 6efika khona ethuneni se6e faka kuqala okokwemendlalela amacanse akhe, nomuqamelo wakhe, nesihlangu sakhe, nebeshu lakhe alale ehlomile. Kuthi ethuneni lakhe kufakwe nezintelezi ukuze na6athakathi 6a6ambeke uma 6ethi 6ayamumba. Lenziwa nendlwana encane ithuna lokumukhoselisa oshonileyo. Kuzokuthi uma esefakiwe 6ese izihlo6o zakhe ziphonsa amagajana ziwathatha enhla6athini embithuna. Umase sekuphelile seku6uywa kuyiwa ekhaya. Sekusala amadoda eqi6a

6. ithuna. Umuntu ulaliswa kahle eboswe kahle ngezingu6o a6e lalangaza. Izikhali zakhe zi6e seceleni kwakhe. Sekuhanjwa kuyiwa ekhaya amadoda athi angaqeda ahambe ayogeza emfuleni ngo6a kade ephethe isidumbu sofileyo. Kuthi uma6efika ekhaya sekuyadliwa, ngaphambi kokuba 6acitheke 6onke. Uma se6edlile se6ezohamba 6aye emakhaya ngemizi ya6o.

Isidumbu asiphumi emini siphuma ntambama. Noma amathuna ekude nekhaya kulindwa lesosikhathi santambama. Uma isidumbu 6esekhiphe emini izulu liyashaya emasimini liwise izimbuzi (iziqotho Kuhlonishelwa loko. Kuzakuthi izingane nomundeni wonke uzile

7. ungaculi, ungasini, ungaja6uli. Kuze kuphele inyanga ofile embelwe. A6adala 6azila unyaka. Kuthi umase6ekhumula 6ese kuhlatshwa inkomo. Leyonkomo kuthiwa ingezo. Kothi ngalelo suku ku6uthane 6onke a6a6e khona musuku embelwayo owafa. Akusukhalwa uma sekudliwa. Izidlo zofileyo kuyaja6ulwa kusinwe, ngo6a notshwala 6usuke 6u6uningi ngalolu suku. Ukugeza kugezwa ngezintelezi la6o a6e6ezililе. Kuyaye kuqalwe ngaleyo mihla ukudumisa idlozi lofileyo. Kuzakuthi kukona loko kudla kwengezo



Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ku6ekelwe nedlozi lakhe ofileyo. Amakhosikazi umakwashona umunumzane asazoqala ukungenwa a6afowa6o uma se6egezile.

8. Umuse6enzi wamachunu ukweluka amachansi:

Lona iwona muse6enzi odumileyo kwa6esifazane. Kusukela ezintombini, omakoti, namakhosikazi. Izingane x ezincane zona zenza amavovo, namacansana amancane, nezithe6e ezincane, namaxhama. Ziningi izinhlo6o zotshani kwelase Machunwini okwenziwa ngazo lezizinto. Incema, umevana, nenqonqodwana, nozi, nohaliboma. Nomusingi zane. Ngizokhuluma ngencema yona 6eyithanda kakhulu ekwenzeni amacansi. Incema itholakala enzansi ncTukela nenzani nempofana. Kuthe ngesekhathi sasekwindla amemane amakhosikazi ahambe ayokukha yona incema. Ayikhiwa x ehlo6o ngo6a izulu liya-

9. shaya. Kuzakuthi uma eseyisikile a6uyenayo. Akungenwa nayo ekhaya iyayeyenekwe kahle emasimini. Kuthi e6usika i6uyiswe ekhaya. Uma 6eyifake ekhaya kungaka6i x yisikhathi liyashaya izulu. Kuthi umaseyqomile ithengise. Iye i6oshwe izithungwana ezilingana izandla a6anye ezinkulu kunaloko. Isithungo sencema u 1/- uma sithengisa. Sekuzokwelukwa amacansi ezintombi ezizochanguza. Icansi lenelwa izithungo ezimbili noma sinye uma izithungo zinkulu. Uma esemaningi amacansi 6ayaye 6awathengise kwa6eshadisayo. Icansi lilinye u 6/- noma 5/-. 6aye 6awathenge ngezinkomo nangezimbuzi.

10. Izintombi ziwafuna kakhulu ngo6aza6a ngawo amacansi. Phela emachunwini kusalalwa kuwona. Asaziswa kakhulu impela. Umakoti uzanamashumi amathathu ezokwa6a emuzini.

Omunye umuse6enzi wencema nencinini ukuthunga Amavovo nezithi6e futhi intombi uma iyoshada kufuneka izithe6e namavovo. Konke loku okwa6ela a6antu okunye kusalela yena umakoti. Nezintombi eseziqomile ziyawafuna amavovo nezithe6e ukupha onina 6amasoka azo. Iwona muse6enzi wamantombazane ifundiswa isencane intombazane ukweluka amacansi. A6afelokazi 6aphila ngako ukweluka amacansi, nezithe6e namavovo. Isithe6e si6iza 3/- Ivovo 1/-

11. Akuyiwe wonke amakhosikazi akwazi ukweluka. Kunezinyanga zako ezakufundela. Kunjengo tshwala ngo6a na6o 6unezinyanga za6o.

Ukwenziwa kwecansi kuphothwa uzi lwenziwe intambo njengayolena

MEM /ethengwayo............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ethengwayo. 6eselenziwa icansi. A6anye 6aphotha uhaliboma 6eluke ngaye. A6anye njalo 6athenge izintambo (uhala) usezolihlalela icansi. Uma esalithela ulithela ngayo incemayodwa. Uzothi uma e6ona ukuthi lilungile usezoqala ukuleluka ngentambo yozi x noma uhala.lize liphele. A6akhuthele isonto linyenje. **A6anye** inyanga iyaphela. Isithe6e selukwa kanjalo kodwasona esekhundleni sentambo incinini. Isithe6e sithatha izinsuku ezinhlanu nomasonto ama6ili.

12. Incema uma ikhiwa ayisikwa iyamonyulwa ukuze i6ende. Nomevana unjalo. Umevana wona uthola kala eThekwini. Wanza amacansi amahle x kakhulu wona kunencema. Futhi icansi lomevana lidulile. Nawo izithungo zawo zidulile kanti zincane kunezithungo zencema. Isithungo esincane u 1/-. Icansi u 10/-.

Akunye futhi okukhiwayo inkomfe. Inkomfe yeluka izihlandla zezindlu. Yonake itholakala ezinkangala. Iyamonyulwa ukukhiwa **kwayo.** Omunye umse6enzi wenkomfe uku6opha uma kwakhiwa indlu A6anye 6aso6enzisa uzi a6anye yona inkomfe. Nase kuthungeni izindlu zesintu iyasiza. Izintambo zokuduza zenziwa ngayo inkomfe.

13. Umusingizane wona usiza uma kwenziwa Amaqoma nezimbenge. Uyakhiwa 6ese uyomiswa. Sekuthathwa inqonqodwane nayo isiyomiswa. Siklaywa umaseyomile. Sekuzothi emvakwaloku isiphothwa manjena. Kuzothi uma eseluka afakele ngomosingizane athunge ngenqonqodwane ekade iphothiwe. Uma ethunga uyayi sombulula. Uyifaka emanzini ukuze ilunge ingephuki uma eluka. Izimbenge zona zi6iza u £ 5/- Umuntu uyenza amasonto ama6ili noma amathathu kuya ngo6ukhulu 6embenge. Kwenziwe neziqe6etho zokuvuna emasimini. Nazo zenziwa ngayoyona lendlela yokwenza izimbenge.

14. Impi yase M6angweni

Lena kwakuyimpi yasekhaya xx ngo6a eyesizwe sinye Amachunu. Kuthena ngokugezwani kwezinduna na6antu 6azo (6ahla6ana) 6axa6ana. Kuxa6ana a6ase Manyiseni na6ase M6angweni. Emanyiseni lapha kukhona uBaba wenkosi ka Dlayisa umfowa6o ka Nzondo. Em6angweni kukhona uMehlo umfoka Xa6a. Lamadoda 6unsizweni 6awo ayezondana phoke ahamba aze a6ayizinduna woma6ili. Kuthena ngoku6ona ukuthi

MEM /uBaba.,................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ezimbili enye iholwa uMgunda enye iholwa uSandhlwane igoso lezinsizwa. Kuthena uku6a ihlangane nalena ka Mgunda. uSandhlwane esathi uyikakela phakathi eyaseManyiseni. Yakhumuka eka Mthetheli useqonda khona enkanyezini. Isishaya umukhumbi lena eka Phumendlini. Kuthena kuphakathi isiphelele eka Mgunda yavuka eka Phumendlini yaphendukaneka Mthetheli 6ayishaya 6ayiqothula eka Mgunda kwafa a6antu a6awu 7 ngaleyomini.

19. Kuthena uku6a yahlulane lapha 6a6aleka a6ase Manyiseni. 6ase6efika kweka Sandhlwana 6amutshena ukuthi uMgunda kasekho. Wathukuthela wafa. Wathi kayimikele khona lapho. Kuthena uma ifike khona yakha umkhumbi yezwakala eka Phumendlini. Yayiyadumelananjalo. Kwazisa ukuthi na6a Manyiseni 6e6ezilungiselele. Yalwa kwafa a6antu 3. Lapho kwahla6ana uMafushane Mthembu engase Manyiseni. Uqo6o lwakhe ewase 6aThenjini kodwa yaphendula umnyango wakhela amachunu ngokungezwani kwakhe na6ofowa6o. A6ayese6e funa ukumu6ulala ngenda6a yamafa. Wahla6ane ngezinsizwa

20. ezimbili. Kwathi uku6a a6oneloku uPhumendlini wayikhumula eyakhe yangena ehlathini ayiyeka aManyisa. Use6izwa komukhulu uPhumendlini noMehlo. uMehlo icala useli6uyisela ngakuPhumendlini. Inkosi isimuhlawulisa izinkomo ezimbili uPhumendlini noSandhlwana wahlawula ngenkomo. Kodwa namhlenjena aManyise na6ase M6angweni a6a6ekani. Ku6avele musindwana idumelana. Ngesinye isikhathi kwehlulwe wona aManyisa. Kufana na6a semaDuleneni na6akwa Nxamalala. No6o6ayazondana. Uku6a 6ayazondana kuzondana namantombazane akhona. Sekukeningi amantombazane elwa.

21. Lembete

A6akwa Lembethe: La6a 6a Amacunu okumalwa. Kuthena ngesikhathi ku6usa uMacingwane amachunu a6alekela impela e6alekela uzulu aye aphonseka ondini. Kuthena ngokufika kwawo ondini ase eyakha. Kwathi uku6a afe uMacingwana kwase ku6usa uPhakade. uPhakade yena akathanda ukuphindela kwaZulu evunyelwa uLembethe Mcunu. uLembethe kwakuwumfowa6o ka Macingwane kuwu yise omukhulu ka Phakade. uMacingwane ufe esemuncane uPhakade. Seku6a uyena uLembethe obekele umfowa6o em6ambele uPhakade. Kwathi uLanga

MM /akayithanda............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s491

akayithanda indawo yasondini. Sevunyelwa amachunu amaningi. Useбuya esakha ngase Tholeni.

22. Sekuthi emuva usexaбana uLembethe no Phakade. Useбona uPhakade ukuthi hleze amuбulale uLembethe ngoбa ebeke lesisikhundla ukusuka kwakhe uPhakade ekhumbula ekhaбonini kwazulu. Usehamba namanye amachunu amaningi, amanye asala kuLembethe. Usefike ekhonza kwaZulu. Ngokuбona inhlalo yakhona ingalungile useбuye esuka kwazulu eza esilungwini usakhe lapha kukhona amachunu namuhla. Kuthena ngokusala kukaLembethe waбanolaka kuбantu. Aбantu seбeбaleka бonke seбekhumbula kwaZulu.бelandela uPhakade. Kuthena ukuбa afe uLembethe iningi laбantu laбaleka Liбalekela ku Phakade бeno Langa. Kwasekuvela aбakwa Lembethe. Inkosi uPhakade

23. akamange esavuma ukuthi kuthiwe Amacunu. Wathi aбakwa Lembethe. Kodwa ekusukeni aбakwa Lembethe бaбe ngathathani naбakwa Lembethe naMacunu. Kuthena ukuбa afe uPhakade бaqala ukuthathana. Njengoбa namhlanjena seбethathana. Kodwaбona бayaбonakala ukuthi бayiбo aбaseMacunwini. Kuthena uLanga ngokuбona ukuthi unaбantu aбaningi walinga ukuhlasela uPhakade. Usemudumela musukwane eбuya kwaZulu uPhakade. Kuthena kona ngase Manyiseni impi yahlanganela khona. uLanga wayehlangene naбakwa Latha бakwa Dlamini. Kuthena uma idumelane lapho kwafumaniseka ukuthi induna kaLanga yenqaбa

24. ukuбulala umntwana wenkosi yase ihlephoka yona iбangaku Phakade. Usephumelela uPhakade ukuxosha uLanga. uLatha yena wayengaka dumeli wayesalindele uthena ukuбonaloku waбaleka uLanga akwaziwa ukuthi yena waбaleka ~~xxx~~ washonaphi ngoбa kwathi ~~xx~~ eseyovimbezela uPhakade aбamange бesamuthola. Aбaningi бathi wahamba nenkosi yakwa Dlamini washiya umuzwakhe. Yingako namhlanjena emacunwini ufumanisa uMcunu Langa. Laбoke бayinzalo ka Langa induna eyahlaphuka uLanga uDladla. uDladla kwakuyindoda ehlakaniphile impela kakhulu uyena futhi owaбaleka kuLembethe waze wafika ku Langa wafika naбantu aбaningi kuLanga. Uyena futhi owenza uLanga alwe no Phakade.

25. Kuthena ukuбa akuzweloku uPhakade wayesemufunela ~~x~~ isulokumuбulala. Kuthena mhla ~~xx~~ impi yaMacunu iyoбulala uNgotshana

/inkosi..................

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

inkosi yamalala wowuthola umuvungamo wenkosi ukuthi ifuna ukumu6ulala ngo6a yesa6a ukuthi nayo hlezi ayenzeka6i. Kuthena kusa wayengasekho uDladla. Usephaka impi ukumulandela uPhakade uthena uku6a awele e6usuku izi6uko ebeke kwaZulu kwelingenhla waphumula ngo6a ecamanga ukuthi uPhakade angeliwele futhi uTukela ngo6a u6aleke kwaZulu. Uthena e6ona wo6ona ngempi. Akamange esaphumelela ukucasha. Wathi, uma esefa, "Nize ningi6onisele izintandane zami". Wayesho a6aka Dladla isizukulu sakhe sonke. Ne6ala inkosi uPhakade ya6aphatha kahle la6a 6aka Dladla

26. namuhlanjena 6asagcwele kwelase Macunwini a6akwaDladla.

Ukubukuda

Umukhu6a kuMacunu uku6awonke umufana akwazi ukubukuda. Namantombazane ayakufundela ukubukuda ngo6a alaziwa eliyisilima lezimpi. Kwathi inkosi yakwa Latha 6akwa Dlamini ngokunga fundisi izingane ukubukuda. Yaphonseka emufuleni yonke impi yayo nezingane ngisho nayo imbala. Sekuyi siga kula6a a6angakwazi ukuhlamba ukuthi ninga 6akwaLatha yini na? Ukuze ishone emanzini impi ka Latha waye6alekela Amacunu wafumanisa impofana igcwele impela kakhulu lingasekho isu lokwenza ngokunye. Waqu6a izingane phambili nonina kwemukazona kuqala kwalandela impi yakhe naye.

27. Izinkomo zaphumelela ukuwela ezinye zemuka nazo. Kwakuse6usuka ngaleyomini. Uthena efika uPhakade kwakugcwaza emufuleni. Isizi6ona izinkomo eyase Macunwini. Isi6onafuthi ukuthi umfula uyangenisa. Isikhumula lapho ilindela ukusa. Kuthena ekuseni kwasa izinkomo zingasa6onakali isiwela iya izifumana. Kuthena uma izifumane ya6uyanazo. Kwathi noMemi Dumakude wafika nezinye izinkomo ezokhonza kuyena uPhakade. Igama lakhe uNonda6ula. Leli lokuthi Mmemi uliqanjwe uyena uPhakade. Sewukwada kwamacunu. Kwathi nezika Ngotshana zawumuhlambi. Ziningi futhi. Kuyekuthi ngezikhathi zase6usika a6afana u6afumanise ezizi6eni ezinkulu 6ebukuda khona.

28. 6adlala kuze ku6e ntambama a6ancane 6ayashesha ukuyakhaya6ona. Kuthe noma 6elwa noma umufula ugcwele 6awele. Kuthi a6angakwazi 6awezwe a6anye. Into yokuqala ukufunda ukushaya idamu a6ancane



Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

6aqaliswa ngalo. Kuzothi uma se6ekwazi ukushaya idamu 6afunde ukucwila emvakwaloku ukuhlamba. Owehlulekaya. 6ayamuthatha a6akhulu 6ammcwilese ngama6omu laphokushona khona. Kuthi uma se6e6ona ukuthi uyagcwiliza 6amenyule. Usezohlala enovalo njalo alinge ngawonke amandla akhe ukufunda. Kufana nokufundela ikwele nako ongakwazi u6anjelwa imufunda makwela. I6ekwe olimini lwakhe. Izakuthi ingamuluma ulimi afunde ikwela ziningi izindlela a6abukuda

29. ngazo. 6athanda kakhulu uma amanzi edungekile emaningana. Kuyekuthi a6ancane a6angafundikahle 6a6e ngasenhla6ona, kuthi ase6ekwazi ukubukuda 6aye ngenzansi. Izintc zokubukuda umhlanga, notshani, nezinhlanga, nanga mashumbu amabiyisikili. Umuhlanga uyakhiwa u6oshwe ndawo zombili. Sekunikwa a6afundangawo umhlanga. Kuthi a6ancane 6ona 6enze ngezinhlanga. A6akhulu 6avama ukubukuda ngamashumbu amabayisikili, nangezigubu zamaswela. Kuthi uma kukhona oshonayo akhishwe a6akhulu. 6ona 6ayakwazi ukucwila kakhulu.

30. Kuyenzeka uku6a 6ahambe 6ayoqala izinyosi ngama6omu yikhona kuzo6onakala a6akwazi ukuchwila. Zithi uma zi6asukela 6ayocwila emfuleni. Kuvama a6akhulu ese6ekwazi ukucwila isikhathi eside. Amashubu 6awafaka ngaphansi 6awa6ambe ngezandla efuthiwe lamashubu. 6adimude 6ewasaphambili njengo6a 6ehlamba ngezandla, 6ese6ewacindezela esiswini a6ahluthule a6asephambili. Nomhlanga 6awenza konaloko. 6awufake ngaphansi 6awucindezele ngesisu uwona uzo6ahluthula uma 6ewudedela. Akakwazi ukumuka umuntu ofunde ukuhlamba ngomhlanga, neshubu nesigubu. Isigubu siya6anjwa naso sidonselwe esiswini si6uye siyekwefuthi.

31. Amagaligi

Amagaligi omunye umuse6enzi wa6afana ezinkomeni 6eseMacunwini na6akhona lapha eKala6asi. Kodwa usuyafelele kuleli laseKala6asi. Kuthi ngesikhathi uma izinkomo zidla amahlanga ngesikhathi sase6usika, a6afana 6athathe amabece amancane asale ensimini uma kuvunwa 6awasike kahle ngemini ese6awenze amasondo. Se6ezothatha izinhlanga nazo 6azisike kahle. Kuzobotshozwa izinhlanga nebece lelo. Amanye amagaligi anamasondo amathathu, amanye

MEM /anamasondo..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

8491

anamasondo ama6ili amanye njalo li6elinye. Sekuzokwenziwa nezinqola futhi. Amagaligi awokujaha uma6edlala.

32. Ukukha amanzi Ngotshane

Umukhu6a wamantombazane na6o a6afana. Kuyenzeka ukuthi amantombazane alinde emasimini lapho kungekhokhona amanzi eduzane. Na6afana futhi 6elusele ehlane lapho kungekho khona amanzi. Kuzothunywa omunye umfana ahambe ayokukha amanzi ngotshani. Usezokukha utshani a6u6ophe ngaphanangapha, uzothi uma efika emufuleni akhumule nganxanye afake amanzi.kulo6utshani o6uyisithungo usozo6opha ngaphanangapha. Usethathatha isithungo esibekisaphansi a6uye asibekise phezulu. Wenzanjalo njena uyagijima akahambi kancane. Kuzosuka omunye njalo kuze 6aneliswe a6aphuzayo.

33. U6umba

Omunye umudlalo wa6afana uma6elusile uku6umba. Kutatshwa u6umba kuyiwe nalo lapho kuzokwe luselwa khona. Kuzothi lapho ku6unjwe izinkomo. Lezizinkomo zizoqathwa. Kuzothi umasezome kancane 6eseziyaqathwa. Zonke lezizinkomo zinamagama azo njengezinkomo zempela. Umasezomile ziyaqathelwa. Umase 6ediniwe yiloko 6a6umbe izinqola namakhu6a. Kuthi a6anye ku6e a6elungu lapho kuthe ngwakhona amasaka. Sekuzo6unjwa nezinka6i zokudonsa inqola leyo. Uma kungathathwanga izintethe zabotshozwa emalunde kwa6ayizona zidonsa lezozinqola namakhu6a. Ku6uye ku6unjwe x amahashi na6antu 6okugi6ela.

34. uVilakazi.

uVilakazi kwakuwumufowa6oka Sobuza - nkosi. Kuthena uku6a uMpandese wenkosi a6ulawe kwaZulu a6ahlalisana kahle uVilakazi 6eno Sobuza. uMpandese welama uVilakazi. Kuthena uma ecela uVilakazi uku6a kuhlaselwe yona impela inkosi yamaZulu wala uSobuza uSobuza waye wesa6a amaZulu yingako engavumanga uku6a mawahlaselwe amaZulu. AmaSwazi ehlukana ka6ili amanye avumela uVilakazi amanye avumela uSobuza. uSobuza uyena owayeyinkosi. uVilakazi akuyena ngempela owakwa6o 6ehlukene ngenina. Yena uVilakazi owasendlini encane kuyise. Kuthena ngempi yamazulu namaSwazi

35. kaDingane uVilakazi akamangevuma ukulekelela. Ngaleyompi ehlulwa

MEM /amaSwazi.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

uMalambule usemuhlasela uMswazi. uMalambule useya enkosini yakwa Sigweje yakwa Kunene. Sekuthi khonalapho uMswazi usehlasela uMalambule naye uSigweje.

39. uMalambule waqonda kumfundisi omhlophe we6andla lase Weseli uMmneli Allison. Usehla umfundisi ebeka kwaZulu. Usemisa emuthonjaneni yeMfolozi emhlophe ngase Filidi. Kulapho athola a6anye 6akwa Vilakazi a6ase 6aziwa ngokuthi a6akwa Vilani. Lapha 6ahlala naye umfundisi uMmneli. Kwathi a6anye 6akwa Vilakazi a6a6e phindekhona emuva kwaSwazi ngokwazi ukuthi inkosana ka Vilakazi ya6aleka yashona ngakwaZulu na6o 6ashona ngakhona 6ehamba no Sigweje. Kuthena uMmneli yena wa6uye wendlula webeka eNzansi neNatali. Se6ethi ngokuhlala se6e6uye 6emulandela uMmneli. Kwathi a6akwaKunene 6amushiya uVilane 6alandela uMmneli.

40. 6amufumanisa uEdendale. Kuthena uSigweje wa6uye wayakwakha kaHlatikhulu lapho 6ekhona manjena a6akwaKunene. A6anye 6akwa Vilakazi 6alandela 6aye k 6akhakhona e Edendale. uVilane wasala yena. Yingako namhlanjena 6e6aningi a6akwa Vilane a6aphuma eFilidi. Na6akwa Vilakazi se6agcwele enzansi eMvoti nase Edendale. Umunyombo wa6o yiwona lona. AmaVilakazi awamulandelanga wonke uSigweje amanye asala. Phela inzalo ka Vilakazi yayiningi. uMazwane Vilakazi wasalayena uze wasuka muva inzalo yakhe sengake ngakhulumangayo. uZikhali, noMahlasela noBevule. La6a 6ahamba noNyamayenja wenkosi yaseSwazini. Namhlanjena 6akhele uGamulakhe.

41. Kuthena ngempi ka Ndwandwe oyena wayelo ambele uLudonga ka Mswazi ngo6a esemncane. Uthena ngokuthanda uku6usa uNdwandwe wase uyamu6ulala uLudonga. AmaSwazi athukuthela impela ngo6a aye emuthanda umntwana kunomfowa6o yise uNdwandwe. Kwase kuvela impi enkulu phakathi kwaMaSwazi. Amu6ulala uNdwandwe naye. Lempi yahla ivuka minyaka yonke. Yayinjenge yezindela namathelamali. A6akwa Sha6alala a6angamulandelanga uMbekwa 6alandela yena ngolo 6a6unyakanyaka 6amaSwazi. Kwathi a6akwa Ntanda 6ahamba noNgazana 6alandela yena uMbigwa Sha6alala. Kodwa xx la6a 6afa kakhulu impela ngenda6a yamaZulu. Kwasizakala unoNjenje

42. owa6aleka wawelela eselungwi. Kwathi na6asindayo 6ahamba

MEM /6elahleka..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

6elahleka ezindawo zonke njena. Kwathi isizwe sika Ntanda sadukelana kanjalo. Ziningi izizwe ezadukelana ngempi yamaSwazi engenankosi. Kuthena uku6a axolelana kwa6ekwa uMbandeni inkosi. Kodwa yena wa6usaka6i wali6ala utshwala 6esilungu. Kuthena noma efuna uku6uyisa 6onke a6antu 6akayisi akaze aphumelela. A6amange 6esavuma ukuphinda emuva eSwazini. Kwathi a6akwa Twala 6a6ulawa ngo6a 6engasavumi ukuphinda emva. A6anye 6a6alekela esilungwini a6anye 6aqonda kwaZulu 6ase 6eyakhonzakhona. A6aningi 6eza enkosini yakwa Kunene 6akhonza kuyona ngo6a yahamba noMalambule.

43. A6akwakwa Kunene.

Kuthena uku6a kufe uMbangwa kwa6akhona ukuzondana kwa6aka Sigweje. Kuthena indodana ka Mbangwa ya6a incane efanele uku6usa. Kwase kukhethwa uRobert Kunene umfowa6o ka Mbangwa. Uyena owa6usa isikhathi eside impela. U Robert lona uBufele. Kuthena uma esephuma e6ukhosini esekhulile uMkulunyelwa wacela induna kayise uMdujana Mlipha uku6a 6alwe no Mkulunyelwa. Kuthena uma esezilungisele impela uBufele ukulwa nendodana yakhe wakhuza uMdujana. Okwenza uMdujana akhuze yingo6a uBufele akamanganayo indodana. Phoke wa6uka ukuthi akuyikusiza lutho. A6antu a6aningi 6a6engamuthandi kahle uBufele wayephuza kakhulu utshwala enolaka.

44. Uthena uMkhulunyelwa efunda esikaleni sasohlange (Ohlange) walandwa ngo6a uyise efuna ukuphemba impi enkulu. A6ona amaKunene ukuthi akusalungile. Walandwa esikoleni umfanalona. Kuthena musukwana e6ekwa inkosi ekhishwa uBufeli kwakhona inkosi emhlophe yase Dundee nenkosi yamaHumusha yase Wesselsnek uPieter Africa. Inkosi yadlalelwa izingane zezikole. Phela uku6a ku6ekhona isikole kwa Sigweje yingenxa kayise uMbango owasilanda eMgungundlovu wacela uku6a si6ekhona. Kwasekuvulwa isikole sakwa Hulumeni. Kuthena nokufika kwa MaRoma kwaHlathukulu asizwa uyena uM6ango wawamika indawo. A6anye 6akwa Sigweja 6akhona lapha eKalabasi naseNyanyadu.

45. Induna yala6a a6ase Kalabasi uMahlala Nkosi. Uyena obeke isifunda sa6akwa nkosi a6akuleli na6akwaTwala. Njengo6a

MEM /ngishilo...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngishilo a6anye 6athi ngoku6ona ukuthi umu6uso wase Swazini uyahlupha kuliwa njalo. Njengo6a ngesikhathi sika Mswazi kwaku ngaphunyulwa kwaku6uswa ngegazinjalo. Isizwe anga6onaze asihlasele esakwaZulu. Manjena na6ola6a a6akwa Twala 6athi 6angafumanisa a6akwa Sigweje 6e6azi naphambilini 6azinikele ku6ona kunokuzi nikela. Kwamanye amakhosi. Na6akwa Ntshingila 6azinikela enkosini yakwa Sigweje ngesikhathi uMbandeni u6uyisa zonke izizwe eza6aleka ngesikhathi kungekhonkosi eSwazini ukufa kuka Ludonga 6eno Ndwandwe. Yingako isizwe sakwa Sigweje sisikhulu njena.

46. Uthena angafa uMdujana k Mlipha kwase kungena umfowa6o esikhundleni sakhe. La6a 6akwa Mlipha a6esuthu a6ahamba naye uMmneli Allison umfundisi omhlephe. Uthena efika na6o eSwazini 6ase6ekholiwe. Kwathi a6akwa Kunene 6akholwa na6o ku6ona ~~kumfundisi~~ kumfundisi uMmneli esontweni lase (Weseli). Kuthena noma uSigweje e6aleka noMmneli wahambana6o lapa 6akwa Mlipha. Aku6ona a6akwa Mlipha ekusukeni a6akwa Molife. Kuthena ngokwehluleka kwa maSwazi ukuthi Molife 6athi Mlipha. Namhlanjena se6eyehlukena na6akwaMolife. Inkosi uMkhulunyelwa okwamanjena unenkosikazi eyodwa iyikholwayona kunoyise. Induna yayo uMphandla Mlipha. La6a 6esuthu 6ahlakaniphile 6ayisizwe kwelikaSigweje.

47. Indlala

Kuthena uma esifile uLudonga 6eno Ndwandwe impi yaqu6eka ngamandla. Kuthena uku6a ku6ekhona impi yasekhaya kwashiselwana amasimu nezinkomo eziningi zide zi6aleka nala6a a6a mukayo eSwazini. Kuthena ~~uku6a~~ ukumuka kuka Mbekwa Sha6alala zaphela izinkomo zamaSwazi naye uMbekwa akazenelanga izinkomo lezo. Kwathi uZulu wazidla eziningi endleleni. Uthena equ6a uhambo lwakhe e6alekela yena uZulu wahamba engasadli lutho. Kwathi izinsizwa zasika izihlangu zazo kwa6a yizona zizisiza ngazo ngenda6a yokudla. Kuthi uma6efika endaweni enezinyamazane 6ahlale phansi 6ali6ale yizo izinyamazane.

48. Kwathi nasemuva eSwazini kwanjalo. Yikona ekwenza impi yezingane impela. Eyezingane ngo6a kwaku6angwa a6antwana 6enkosi.

MEM /Kuthena.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s491

Kuthene uku6a iphele impilena indlala yaloku iqu6eka ukuya phambili. AmaSwazi ayesenyonyo6ela izinkomo zikaZulu. Kuthe emuva kwaloko uZulu wazilanda njengakuqala. AmaSwazi amaningi ehlukana ngezindawo eziningi amanye eza esilungwini. Kusize ukufika kwa6a mhlophe ukuze indlala iphela. Kwavela izige6engu zantshontshela amankonyane emugedeni. Kwathi namagula adliwela khona emugedeni. Kuthena noma inkosi ikuzama uku6a kuphele loku kwafumaniseka ukuthi iyehluleka. Kwalungiswa a6amhlophe.

49. Izinyamazane

A6antu 6anukuwela ngezinyamazane zohlo6o lwaku6o. Amazulu njengo6a enolaka olungaka anukiselwa ngezinyamazane ezimbi. Njengo6a ngishilo ukuthi uVilakazi walindela impi ka Sobuza efuna ukumu6ulala kwenza izinyamazane. A6akwaVilakazi kusukeni 6anukiselwa ngensele ulindamkhonto yingako la6a 6akwa Vilakazi 6enonya 6enga6aleki noma impi isifikile. Esikhundleni soku6aleka 6ayalindela. Kunjengayo iNsele noma i6ona ukuthi izo6ulawa ayi6aleki isimuze imenjeng ilindele noma a6antu 6e6aningi. Loku umukhu6a wa6antu ukunukisela ingane musukwana izalwayo. Ngempela
50. uma ingane ingazange inukiswele iyaye ife. Uma ukuthi ingane ayinukiselwanga ngezinyamazane zaku6ozaphelela i6ayisilima. Kuthi inyamazane a6anukiselwa ngayo a6ayidli. A6akwa Vilakazi a6ayidli insele ngo6a iyona nyamazane ya6o. A6akwa Mavimbela a6alidli iVimbela. Noma egula umuntu wakwa Vilakazi. Akanukiselwa ngamafutha eNsele ngo6a angafa nokufa. A6akwa Kunene a6ayidli imvu inyamazane yaku6o. Umntwana unukiselwa evukaphansi esandaku6eletwa. Uma kuphuziwe uku6a anukiselwe uvama ukungaphili kahle. Nala6a a6a6elothela ezibedlela 6ahamba nazo izinyamazane. Uma6e ngaziphathanga unukiselwa ekhaya.

51. Ngomuthetho wakwa Vilakazi umntwana ezelwe akagudwa ekhanda aze akhule a6enenunyaka emhlanu kande agundwe. Uma esaqala ukugundwa uyaye agundwe ugogowakhe. Futhi owakwa Vilakazi umntwana akapheshethwa ngo6a la6a 6akwa Vilakazi. Amapheshethwa izithokelelo za6o. Uma ungahle umuphephethe 6angalwanawe ngo6a 6ayethemba ukuthi usuke a6eyisilima umntwana.

/A6akwa..............

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/21 16*

s491

Abakwa Nyembe bona ababudli ububende benkomo noma imbuzi. Kuthena abakaJobo Nyembe inkosikazi yakhe yafike yabuthanda kakhulu ububende. Kwathi ngelinye ilanga yabuntshontsha yathi nomntwana akabuntshontshe umntwana waphenduka isilima. basebebona
52. ukuthi lenkosikazi yadla ububende. Yase iyaxhoshwa ka Nyembe. Laba abakwa Vilakazi kuyenzeka ukuthi uma inkosikazi ifike ayawuhlonipha umuzi yabanomusindo yashaya izingane, yathetha nabase muzini ukuba isheshe ukumuka emhlabeni yingoba basawakhonza amadlozi. Umakothi kufuneka ahlomphe umuzi, okwesibili ahloniphe uyise wendoda noma engasasekho. Kufuneka futhi amabele konke okumufanele uyise wendoda ukuze abenenhlanhla yokuthola inzalo. Kulaba bakaVilakazi basayithola inzalo bonke ngokuhlonipha u Mahlasela noma engasekhonjena. Kuthi noma kwenziwe utshwadlana obuncane lusale ukhamba lukaMahlasela idlozi.

53. Uma kubekhona inkosikazi eyephule lomuthetho ibonakala ngokuhlupheka enzalweni. Phela kuye kuthi umasekukubi mhlambe omunye engabelethi kahle besekuphuma uMaKambule inkosikazi ka Mahlasela eyona isekhona noma ingasaboni nasemehlweni ithethe namadlozi. Kuzothi lona osebunzimeni kuthiwe akavume izono zakhe. Usezozivumazonke bese uyakhululeka angaqeda ukuzi vuma izono zakhe. Noma Kambule useyothetha aze akhululeke osebunzimeni Uma engazivumanga zonke izono zakhe uvama ukufelwa umntwana umakungamuka ngayena. Yilololu usiko lwaMaphephetho. Kuyaye kuthi munyaka wonke kuhlashwe kubongwe amadlozi.

END. 491.

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.